

IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

12/2015 Intshumayelo ngesonto elithiwa Septuagesime, ngomhla ka 22. 02. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lomkhosi, lolusuku, lilotshiwe kuDan. 9:18, lithi: **"Asilethi ukunxusa kwethu phambi kwakho ngenxa yokulunga kwethu, kepha ngomusa wakho omkhulu."**

1. Iculo 259/106
2. **Umkhuleko:** Nkosi, singcwelise ngeqiniso lakho; izwi lakho liyiqiniso. Amen
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe kuJermiya 9:23-24;
Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1Korinte 9:24-27;
Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Luka 17:7-10.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 15/26
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo.

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 20:1-16, lithi: Ngokuba umbuso wezulu ufana nomuntu ongumninindlu owaphuma ekuseni ukuqasha izisebenzi ziye esivinini sakhe. Esevumelene nezisebenzi ngodenariyu ngosuku, wazithumela esivinini sakhe. Waphuma futhi ngehora lesithathu, wabona abanye bemi esigcawini, bengenzi-lutho; nakubo wathi: Yanini nani esivinini; ngiyakuninika okufaneleyo. Baya-ke. Waphuma futhi ngehora lesithupha nangelesishiyagalolunye, wenze njalo. Esephuma ngehora leshumi nanye wafumana abanye bemi, wathi kubo: Nimeleni lapha usuku lonke ningenzi-lutho na? Bathi kuye: Ngokuba akakho osiqashileyo. Wathi kubo: Hambani nani, niye esivinini. Kepha selishonile, umninisivini wathi enduneni yakhe: Biza izisebenzi, uzikhokhele imali yazo, uqale ngezokugcina, ugcine ngezokuqala. Kuthé befika abehora leshumi nanye, kwaba-yilowo nalowo wamukela udenariyu. Sekuza abokuqala, bathi bazakwamukela okukhulu; kepha nabo bamukela udenariyu ngabanye. Kepha seabamukela bakhonona ngomninindlu, bathi: Laba abokugcina basebenzé ihora linye nje, ubalinganisé nathi esithwalile ubunzima nesifudumezi semini. Waphendula, wathi komunye wabo: Mngane, angikoni; kanti asivumelanga ngodenariyu na? Thatha okwakho, uhambe; kepha ngiyathanda ukunika lowokugcina njengawe. Angivunyelwe ukwenza engikuthandayo ngokungokwami na? Kumbe iso lakho libi, ngokuba mina ngimuhle na? Kanjalo abokugcina bayakuba-ngabokuqala, nabokuqala babe-ngabokugcina. Amen.

8. Intshumayelo: Bandla leNkosi, sithini ngalendaba na? Sithi-ni ngaleliVangeli na? Sinemibuzo eminingi. UNkulunkulu uyakhetha yini? Uyathanda abavilaphayo nabalovayo na? Uyavuzisa kanjani? Uma kuhamba kanje, kuyasizani konke ukusokola nokujuluka kwethu na? Akungcono sishaye ikhefu, siphumule, silale kahle, sivuke emini, senze esikuthandayo andukuba siye esivini na? Kanti sibona masinyane ukuthi siyadideka, siya ehlathini, siduka kanjalo. Kuyabonakala ukuthi uNkulunkulu akakhohlisi muntu lapha. Akakhohlisi labo ababefika ekuseni. Uyabanika njengokuba ubathembisile. Uyabanika njengokwesithembiso sakhe. "Esevemelene nezisebenzi ngodenariyu ngosuku, wazithumela esivini sakhe." Into nje, uyabahawukela labo abafika ekugcineni. Uyabanika phezu kokufaneleyo.

Siyabona ukuthi leliVangeli alikhulumi ngezisebenzi emapulazini, kodwa leliVangeli elihle liyakhuluma ngombuso wezulu! Ngokuba umbuso wezulu ufana nomuntu ongumninindlu owaphuma ekuseni ukuqasha izisebenzi ziye esivini sakhe. Umbuso wezulu awufani nombuso wezwe. UNkulunkulu akafani nathi. Angivunyelwe ukwenza engikuthandayo ngokungokwami na? Kumbe iso lakho libi, ngokuba mina ngimuhle na? UNkulunkulu uyamhawukela uStefanu owafa phansi kwamatshe, kepha umhawukela noSawulu owasiza ukumbulala uStefanu. Umhawukela uSawulu ukuba abe nguPawulu. UMsindisi wethu uJesu Kristu umhawukela uLazarus, umhlobo wakhe omuhle, kepha umhawukela nesinye sezelelesi esilenga naye eGolgotha. Ngqiqinisele, ngithi kuwe, namuhla uzakuba nami eParadisi. Abantwana bayabamukelwa, kepha naye uPetru owamphika kathathu. Udadewabo kaMartha uMariya uyamukelwa, kepha nesifebe lesi samukelwa nokho.

Siyavuma ngohlamvu lokuqala lokukholwa kwamaKristu ngokuthi: Uyangenzele konke lokhu ngomusa nangobubele bobubaba nabobuNkulunkulu kuphela, kungekho ukulunga nokufanela kwami. Pho-ke singakhononda kanjani, uma isoni esimpofu esilahlekileyo nesilahliweyo sifumana indlela yokuya esibayeni seNkosi, yokufika phambi kweSonto lethu la ukuba singqongqothe khona? Kanti nami ngahawukelwa kanje. Kanti nami ngihawukelwa kanje. Kanti nami ngisindiswa kanje ngomusa kuphela. Ef. 2:8+9: Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo. Ngakho konke lokhu kufanele ngimbonge, ngimdumise, ngimkhonze, ngimlalele. Lokhu kuqinisele impela.

Ngingakhononda kanjani ngomusa kaNkulunkulu na? Kanti umusa nobubele bakhe buphezu kokucela nokuqonda kwethu njalo! Ngingaziphakamisa kanjani phezu komuntu omunye odukile ohlubukile, osengozini yokulahlwa, ngithi ngingcono mina. Kanjani bakithi? Ngingaziphakamisa kanjani phezu kwamabhinca namabhayi? Asifuni ukuziphakamisa, sithi:

sifanele ukuhola kangcono. "Ngiyathanda ukunika lowokugcina njengawe. Angivunyelwe ukwenza engikuthandayo ngokungokwami na? Kumbe iso lakho libi, ngokuba mina ngimuhle na? Kanjalo abokugcina bayakuba-ngabokuqala, nabokuqala babe-ngabokugcina."

Qha, asifuni ukukhononda, uma isidakwa singqongqotha khona, noma umbulali, noma umkhohlisi, noma intombi elula, noma ushebeen, noma umuntu we-ANC, PAC, INKATHA noma noma. Wena nami sabanenhlanhla enkulu. Savunyelwa ukungena eBandleni leNkosi ngomBhaphathizo sisebancane. Salethwa ngabazali ngomusa weNkosi. Ukukhanya komusa kaJesu kwakhanyisa ukuhamba kwethu konke kuze kube namuhla. Sinenhlanhla thina, uma abazali abaqotho basikhulisa njengokwentando yeNkosi ukuba siphilele iNkosi size sifele iNkosi. Sinenhlanhla thina, uma siphila ngenduduzo yeZwi likaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi sokuphila kwethu. Sinenhlanhla thina, uma sivunyelwa ukuphila ngenduduzo yamaSakramente angcwele nangesikhathi sobusha bethu. Sinenhlanhla engakhulumekiyo thina, uma sivunyelwa ukuphila ngenduduzo yokuthethelelwa kwezono nangesikhathi sobusha bethu, uma ubaba nomame besonta nathi, uma ugogo engikhulekela.

Manje mina engahamba ngenhlanhla engaka ngingakhononda kanjani, uma umuntu wabezizwe noma ubani usindiswa, aphenduke izinsuku ezintathu phambi kokufa kwakhe na? Ngingakhononda kanjani, uma uNkulunkulu umhawukela umakhelwane wami omubi owangihlupha njalonjalo. Ngingakhononda kanjani, uma lomuntu ompofu ufunda ukucela njengami ngokuthi: Nkosi, ngihawukele mina-soni. IZwi elongamela leliviki lithi: Dan. 9,18: Asilethi ukunxusa kwethu phambi kwakho ngenxa yokulunga kwethu kepha ngomusa wakho omkhulu. Kunjalo. Thina sonke siphila ngomusa, siqhubeka ngomusa, siphefumula ngomusa, sisindiswa ngomusa. Konke kungomusa. Luka 15:25-32 Uma sikhononda ngabo abavela kude, sizoba ngabokugcina. UNkulunkulu uyasibuza namuhla: Kumbe iso lakho libi, ngokuba mina ngimuhle na? Kanjalo abokugcina bayakuba-ngabokuqala, nabokuqala babe-ngabokugcina. Angithi sizwile! Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo eBandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen.

9. Umkhuleko: Baba osezulwini, uyasithumela esivinini sakho ukuba sikusebenzele ngokujabula, sibe-yizisebenzi zakho eziqotho nezithembekileyo, singakhonondi, singabi nomona namehlo amabi. Siphe kodwa ukuba sibonge umusa wakho nobubele bakho njalo, sibabongele abasebenza eceleni kwethu, silekelelane ngokukholwa nguwe, sibusiswe nguwe

ngomusa okuKristu, sikhonze kuwe, sikhonzane ekuzwaneni ngentokozo, size sivune ukuphila kwaphakade embusweni wakho ngoJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 127/108

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2014 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.